

# UMNYANGO WOKUTHELISA WAKWA-SARS UBAMBE UPHONDO LUKABHEJANE OLUNGAFINYELELA KU-R 23 MILLION

**Pretoria, 10 kuMasingane 2019** – Abasebenzi boMnyango wokuThelisa woPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) babambe izimpondo zobhejane ebezithunyelwa ezingaphezulu kuka-23 million e-OR Tambo International Airport izolo.

Izingcezu ezingama-36 zophondo lukabhejane zathokala emva kokuba "uLizzy"inja ehogela umkhondo ikhombisa ukuthi kukhona ekusolayo empahleni eyayizothunyelwa ebizwe 'ngezipahla zokuhlobisa' endlini egcina izimpahla. Abasebenzi boMnyango oThelisayo babe sebesika bevula amabhokisi ayisishiyagalombili ahlanganiswe ngocwazi lokuvikela izimpahla ukuba zingalimali i-*bubble wrap*. Izimpondo ezazilibangise eDubai zazifihlwe ngaphansi kwezingcwecwe zokhuni ezisikiwe emabhokisini amane abe esegcwaliswa ngomata baphansi kanye nezinto zokuhlobisa.

Isisindo esiphelele sezimpondo sasingu-116kg, zenani elilinganiselwa enanini elingu-R23 200 000.00. Inani lalezi zimpondo uma zidayiswa ngokungemthetho kuthiwa lingaba phezulu kakhulu.

Ukuhlola endlini yokugcina izimpahla bekuyingxenywe yesinyathelo sokunyusa izinga lokuphoqelela umthetho ngempahla yamabhanoyi aphumayo, kulandela imibiko yokuthi uphondo lukabhejane, olusuka eNingizimu Afrika, lubanjwe e-Far East. Lesi sinyathelo sisaqhubeka.

UMnyango wamaPhoyisa (SAPS) kanye noMnyango wokuPhenywa kobugebengu obubekwe eqhulwini i-Directorate for Priority Crime Investigations (HAWKS) baxwayiswa, kwabe sekuvulwa icala lobugebengu emnyangweni wamaphoyisa i-SAPS, DPCI (HAWKS) ukuze kuqhutshekwe nophenyo.

